



The Alternatives Project

Isitatimende Salabo Abafisa Ukuhlahla Indlela Entsha

Imfundo Enobulungiswa Ukuguqula Umphakathi: Uhlaka Lokusebenza

Thina, abasayinde ngezansi, sikholelwa ukuthi isimo sezenhlalo, ezomnotho, ezepolitiki kanye nezemfundo kwenza ukungalingani phakathi kwabantu, kokne lokhu kuzobeka encuphekeni konke okuphilayo emhlabeni. Simele izindlela ezahulukile zokufunda nokufundisa, imfundo enobulungiswa ezoseka izinguquko ezidingekayo kwezenhlalo ukwakha umhlaba ocebile, olinganayo, nozinzile.

Lezi zinkinga ezikhona emhlabeni nokunxumana kwazo zidudula umphakathi kanye neplanethi ephilayo ekuwohlokeni kwezepolitiki, ezenhlalo, ezomnotho nezemvelo. Lezi zinkinga - njengamanje sizibona kubhadane lwe-coronavirus emhlabeni wonke, ukungalingani, ukuphthwa kwabantu ngesihluku ngamaphoyisa nokucwaswa ngokobuhlanga, incindezelo yabesifazane, ukusheshisa isiphithiphithi sezulu, kanye nokusongelwa okuqhubekayo kwezimpi - kuqhutshwa umhlaba wonke ngobunxiwankulu nangempi. Kumele sibambe le lithuba eliyinqayizivele emlandweni ukuze sishintshe ngokuphelele imfundo siyisebenzise njenge ngesikhali sokungenela inguquko ejulile ezokwakha ubumbano kanye nokubambisana kwabantu futhi iqede ubandlululo, incindezelo yabesifazane kanye nobunxiwankulu. Siyawenqaba umbono wokuthi okusemqoka kwezemfundo ukwenza imali; sigomela ngokuthi izinto eziseqhulwini emfundweni kufanele zibandakanye imvelo evuselelekayo nokuqhubekisela phambili ubulungiswa kwezenhlalo ezizukulwaneni zamanje nezizayo. Lokhu kudinga ukwakhiwa kwezinhlelo zemfundo ezinobulungiswa, esingazifeza kuphela njengengxenywe yomzabalazo obanzi wokuletha uguquko kwezenhlalo kuyo yonke imikhakha, ikakhulukazi kwezomnotho nakwezepolitiki.

Imizabalazo yobulungiswa iyadingeka ukwakha izindlela zopkuphila ezisebenzela izintshisekelo zabaningi kunokuzizuzisa kwabambalwa. Umlando ukhombisa uchungechunge lwezinguquko emphakathini eziyinkimbinkimbi phakathi: kusuka ngalesosikhathi abantu babephila ngokulima ukufika kwisikhathi sezimboni, ukulawula kwamakoloni, ukulawula kondlovukayiphikiswa, inguquko kwezokuxhumani zedijithali, kanye nokusebenzisana esikubona namhlanje phakathi

kongxiwankulu nohulumeni besebensiza izixhumanisi zedijithali ukucindezela abantu. Isigaba ngasinye esisha sababusi senza ngakho konke ukuqhubekisela phambili izindelela zaso zokucabanga nezimfono zaso, nokudikibalisa ithemba lokuguqula isimo soxhashazo nencindezelo. Lezindlela zokucabanga zalezi zigaba ezibusayo zibandakanya ukulandela nokwakha izinhlelo zezemfundo eziqinisa ukungalingani kanye nokwehlukana phakathi komuntu/ongeyena umuntu, kowesilisa/nowesifazane, kwengqondo/nomzimba, okwasemhlabeni/nokomoya, kophakeme/nosenzansi, kowasedolobheni/nowasemaphandleni, kanye phakathi kothina/nabo. Konke loku kuqunisa inkolo yababusi ukuba bona banelungelo lokungamela nokuxhaphaza imvelo nakokonke okuphilayo. Iziphathimandla zanamuhla zobushiqela, ezicwasayo, eziphakamisa incindezelo yesifazane, zigqugquzela loku kuhlukana. Leziphathimandla zisebenzisa ukwanda kokuhwebelana emhlabeni, ukufuduka kwabantu ngenxa yezimpi nokuguquka kwesimo sezulu okuletha indla emazweni wabo, ukuhlukanisa nokuxabanisa abantu nokuqinisa amandla azo.

Namuhla, izinhlelo zezemfundo emhlabeni jikelele zakhiwe emqondweni wobunxwankulu be-neoliberal nengqondo yokusebenza ngaphansi kwencindezi, inzuzo, ukuzikhethela, ukuncintisana, nokukhulisa umnotho. Lomqondo unikeza izinkampani ezicebile zamazwe angaphandle kanye nezicebi amandla angalawulwa okuhlela kabusha umnotho womhlaba kanye nezombusazwe ukuqhubekisela phambili umnotho osekelwe ekumbeni okungaphansi komhlaba ngokungavinjelwe, okuzonubekeza imvelo. Kumphakathi ohlelwe ngale ndlela, izinhlelo zezemfundo zisebenza ukuqinisa futhi zenze kube semthethweni ukungalingani kwezenhlalo, ukuhlukaniswa nokucwasa, kanye nokuhlukaniswa phakathi kwamazwe nezizwe. Noma kunjalo, imfundo umkhakha osemqoka lapho umgqondo wobunxwankulu ungaphikiswa khona. Iziphathimandla zazi kahle kamhlophe ukuthi imfundo ingaba yithonya lenguquko, yingakho zenza ngokushesha ukuyisebenzisa njengethuluzi lokuqinisekisa ukuthotshelwa nokulawula.

Ngenxa yalokho leli zwe limfiliba ezinganeni nakubantu abasha abaningi. Izinga lemfundo abayitholayo lihlukaniswa yimali abanayo nendawo abahlala kuyona. Imfundo iya ngokuya ihlelwa ezimakethe ezincintisanayo ezidala futhi zigxilise ukungalingani ngokobuhlanga, ngokwezigaba, nangokobulili lapho abahlinzeki abazimele nosonkontileka, kanye nothisha nabafundi bancintisana khona, basebenza phansi kwencindezi yokuhlolwa mihla namalanga: imfundo ethengawayo, egxile kumiphumela engasholutho, imfundo onhloso yayo ukukhulisa imali nokwenzela inzuzo labo abayikhokhelayo. Le nhlobo yemfundo iqinisa ukwehlukana kwabantu, ukucwasa ngokobuhlanga nokuphakama kwabamhlophe, ukwehliswa ukwehluka, ukwenziwa semthethweni kokungalingani kwezomnotho nezepolitiki, ukuzicabangela wena wedwana, umrhobholo, ukukhula komnotho okungalawuleki, ukwamukelwa okungenasisekelo kwezinkulumo zokukhangisa nokuhambisana nomthetho wobushiqela. Omunye umphumela waloku yinqaba yokuthi inani labantu abafunde kakhulu emlandweni wonkana lidala

ukuwohloka kwemvelo, isenzo sokuzibulala.

Eminyakeni engamashumi amathathu edlule, ukugqugquzela okuqhubekayo kwemiphakathi kanye nezinyunyana zezemfundo kwakholisa umhlaba ukuba wamukele ilungelo lemfundo kanye nesifiso se-Education For All: imfundo eyimpoqo iye yanabela emazingeni angakaze abonwe - okubandakanya izingane ezibalelwa ezigidigidini ezimbili usuku ngalunye. Iningi lemindeni manje selikholwa ukuthi ukuqeda iminyaka eyi-8 ukuya kwenga-12 yokufunda kubalulekile kulisasa lezingane futhi ohulumeni abaningi bakholwa ukuthi ukuhlinzeka ngemfundo yamahhala kuzo zonke izingane nentsha kuyinqubomgomo enomqondo. Kepha sisekude nokufeza lokhu. Ngenxa yokungabi nobulingiswa eminyakeni engamashumi amane edlule kwezemfundo kanye nokugxekwa kokuxhaswa kwezemfundo ngezimali njengento “engenamsebenzi” noma “efana nokumosha”. Ngenxa yalokho, ukuxhaswa ngezimali kwemfundo bekunganele neze, kanti imfundo ingaxhaswa ngemali eyanele ngohulumeni bamazwe kanye nezinhlango zamazwe omhlaba.

Akukhona ukuthi ayikho imali; ohulumeni bayayithungatha bayithole imali yezempi, eyamaphoyisa, eyezinhloli zamaphoyisa nezempi kanye neyehlalakahle yezinkampani. Ukubhekana nalenkolelo, kufanele sidalule ukushoda kwemali njengenganekwane, sidalule ukubopha ibhande njengenqubomgomo ekhethwa ngamabomu ukuqhuba izimfuno zonxiwankulu.

Amazwe avamelana ngenxgenye yemali okufanele isetshenziswe kwezemfundo unyaka nonyaka, kodwa ohulumeni abaningi abahlangabezani nalokho okwavunyelwana ngakho yokusebenzisa ama-20% wesabelomali kanye nengxeye eyisi-6% we-GDP kwezemfundo. Amazwe acebile omhlaba athenbisa kudala ukuthi azosebenzisa u-0.7% we-GDP yawo ukuxhasa intuthuko yamazwe antulayo, kepha abela ingxenye encane kakhulu yalokho. Futhi konke lukho okubhekisiwe yilezi zivumelwano kuncane kakhulu ukuhlangabezana nezidongo kwezemfundo.

Sidinga ukuwina lezi zinkulumo-mpikiswano emphakathini. Inkinga esibhekane nayo idlula imali. Izikhungo zezimali zamazwe omhlaba - njenge-IMF neBhange Lomhlaba - yizikhungo zobunxiwankulu ezikhuthaza uxhashazo lomphakathi emhlabeni wonke. I-IMF neBhange Lomhlaba babe neqhaza elikhulu ekuthonyeni inqubomgomo yezemfundo (kanye nezinye ezenhlalo). Esikhundleni sokusekela imfundo, i-IMF empeleni ivimbela ohulumeni ukuqasha othisha nabanye abasebenzi bomkhakha womphakathi. IBhange Lomhlaba lizenza sengathi lingumthombo ozimele wezeluleko, kepha kule minyaka engamashumi amane edlule iziphakamiso zayo zisukela kubunxiwankulu. Sekuyisikhathi sokuba ingqungquthela entsha yaseBretton Woods ibheke ukulungiswa okukhulu kwe-IMF neBhange.

Sifuna ushintsho lwangempela. Bonke ohulumeni kumele basungule imfundo yamahhala

yomphakathi kusuka kumfundo yezikolo zenkulisa ukuya kwimfundo ephakeme ezophemba ukucabanga kabusha, ukubamba iqhaza emphakathini, ukuqinisa intando yeningi nokubambisana emhlabeni. Ukwenza ukuba imfundo ibe yilungelo lawo wonke umntu kudinga izinhlelo zomphakathi ezixhaswa ngokugcwele, ezixhaswe ngosizo oluqhubekayo olungenamibandela oluvela emphakathini wamazwe omhlaba. Ikharikhulamu kufanele yenqabe ukuseka ubunxiwankulu nokunyuswa kwamazinga okushisa kwesimo sezulu okungaholela ekubhubheni komhlaba. Imfundo kumele ihambisane namasiko futhi ikhuthaze izindinganiso zobuntu zokulwa nobandlululo, ukulwa nokucwasa ngobulili, ukuqinisa ubumbano, uzwelano, ubuhlakani, ukwanelisa komuntu siqu, ukuthula, ukuphatha kahle imvelo, kanye nentando yeningi. Othisha badinga ukuzimela nezimo zokusebenza ezisezingeni, ukuba nezwi elizwakalayo ekwenziweni kwenqubomgomo yezemfundo, besekwa yizinyunyana nezinye izinhlangano zomphakathi. Ngokunjalo, abafundi nezinhlangano ezibamele kufanele babe nezwi ekuthathweni kwezinqumo kwezepolitiki kanye nezindlela zokufunda nokufundisa, futhi ilungelo labo lokubamba iqhaza lamukelwe ngokugcwele.

Umhlaba udinga ukwakhiwa kabusha kwemfundo ukuze incedise ukwenza imiphakathi evuselelayo. Lokhu kuzodinga isibophezelo esisha emphakathini esizobeka phambi inhlalakahle yabantu kunokuthenga izikhali zempiu, umrhobholo wosomabhizinisi, izinkampani zangasese ezisebenzisa ubuchwepheshe besimanje kwezemfundo, izikolo ezibiza imali, Kanye nabanye abathengisa imfundo. Sinxusa ukuba simise ukuhweba ngemfundo nokuthengisa nezinye izinsiza zomphakathi futhi kumiswe umqondo webhizinisi kwezemfundo nenhlalakahle yomphakathi.

Sithola amandla kwimizabalazo egqugquzelwa yizinhlangano zabafundi nothisha, zabasebenzi, nezisuselwa emphakathini ezisebenza ngentando yeningi - kubandakanya izinhlangano zalabo abakhishwa inyumbazana, zabafuduki kanye nababaleki - kanye nabezindaba abazimele, izinhlangano kanye nochwepheshe abazibophezele ukuqhubekisela phambili ubulungiswa emiphakathini. Lawa maqembu asevele asungule ezinye izindlela zobulungiswa kwezemfundo, kufaka phakathi izikole kanye nezinhlelo zemfundo ezingalawulwa nguhulumeni nonxiwankulu kodwa ezisekela ubusoshiyali besimanje, abomdabu kanye nabamnyama, inkululeko, iBlack Lives Matter, ukuqeda ukugqilaza, nokusimamisa uhlobo lwemfundo oluvula ingqondo.

Ubulungiswa bezemfundo buncike ekuqhubekiseleni phambili lezi zinhloso kwimikhaka emine:

1. Ubulungiswa bezenhlalo - Ukwakha imfundo eseka ukukulingana, inguquko yangempela, nokuphila okuvuselela imvelo.

Izinhlelo zezemfundo kumele zihlelwe kabusha zibhekane nokungalingani kanye nokungabi nabulungisa emiphakathini, zikhuthaze ubulungiswa kuzinhlanga, ubulili, kubakhubezekile, zakhe izindlela sokusebenza ngokubambisana ukuguqula ezemfundo nomphakathi.

2. Ubulungiswa besimo sezulu - Ukufunda ukuthi singaphila kanjani ukuvuselele umhlaba wethu.

Sidinga isivumelwano esisha sokulondoloza imvelo esingamela umhlaba wonke - kanye nezinhlelo zemfundo ezifundisa ngokuhlobana phakathi kwabantu nemvelo nezinkambiso zokulondoloza imvelo namhlanje nasesikhathini esizayo.

3. Ubulungiswa bezomnotho - Ukuxhasa ngezimali imfundo kanye nezinye izinsiza zomphakathi emnothweni oshintshiwe.

Uhlelo lwezomnotho kumele lwenelise izidingo ngqangi zabantu ngokugxila ekulinganeni nasekuvuleni amathuba, hhayi inzuzo. I-COVID ithuba elihle lokuthi umhlaba udede kubungxiwankulu usondele ekulawuleni ngokwentando yeninngi emsebenzini nasemnothweni obeka phambili ukwabelana ngokwezidingo zabantu nokwenza ukuba labo abathola imali eningi bakhoke intela ephezulu ukuhlangabezana nezindleko zensiza zomphakathi kuzwelonke nasemhlabeni jikelele.

4. Ubulungiswa bezepolitiki – Ukucabanga kabusha ukubamba iqhaza kwezepolitiki kuwo wonke amazanga

Kufanele siqhela kobushiqela nobuzwe bokucwaswa kwabokufika. Kumele sikhuthaze ubumbano lomhlaba wonke, sihlakulele ukubambisana kwamazwe omhlaba, futhi siqinise izinhlangano zomphakathi ezilwela amalungelo nezidingo zabantu. Sidinga ukuthuthukisa intando yeningi ebandakanya bonke abantu babambe iqhaza emazingeni endawo, kuzwelonke, nasemhlabeni jikelele.

Leziphakamisayo azibhekisanga kulisasa elikude, kunalokho zakhela phezu kwemicabango nezenzo zamaqembu nezinhlangano eziningi ezisebenzela ubulingiswa emhlabeni jikelele. Thina, abasayinde ngezansi, sibona lezi ziphakamiso njengendlela yokucabanga kabusha ezemfundo nomphakathi esiphila kuwona nokulwa nokunqoba izingqinamba umhlaba wethu obhekene nazo.